# Usha phansi umsebenzi wokufaka amanzi eMsinga naseMvoti





uSomlomo kaMasipala wesiFunda uMzinyathi uMhlonishwa T Kunene ehambisana noKhansela Ntuli ohlala kwiPortfolio yakwaTechnical Services behambela uMvoti noMsinga beyohlola umsebenzi wokuphakela abantu amanzi oqhubekayo kulezi zindawo. Abahlonishwa baqale oShikishini, eMvoti lapho kuqhubeka khona umsebenzi wokufaka amanzi odle isamba sika R17million. Lo msebenzi okulindeleke ukuba uphele ngo-October kulo nyaka uhlanganisa ukufakwa kwamapayipi,ireservoir ukwakhiwa kabusha kwe-pump station, nokufakwa kwama-borehole amabili.

Umsebenzi kumanje uku-90% ukuba uphela kanti amanzi aseyaphuma kwezinye izindawo.

EMSINGA: bahambele eMthembu West Water Supply lapho kuqhubeka khona umsebenzi ka-R69.6 million ofaka phakathi ukunwetshwa kobubanzi kwepayipi elisuka eSampofu liya Sampofu Command Reservoir, ukwakhiwa kwe-reservoir eMashunka, nokunwetshwa kwepump station.Imiphakathi ezophuza lamanzi njengoba umsebenzi usuku-82% ukuba uphela kubalwa Mashuka, Jolwayo,Mbabane,Ngubo nasesiNqumeni.

Khona eMsinga kunomsebenzi omunye ka-R32.1 million oqhubekayo wokwakhiwa kwama-resevoir awu-5, pump station awu-8 namapayipi azoba nompompi abawu-65 abazoxhunywa emphakathini izindawo ezizophuza lamanzi kubalwa Tugela Ferry, Esijozini, Ezibomvini, Mbono, Cwaka, Mahlabathini, Pomeroy,Ngcengeni, Mashunka naseMakhankane.Lo msebenzi nawo usuyaphela ngoba usuka-90%. Kungekudala azobe egxagxaza amanzi kulezi zindawo.

Kusasa abahlonishwa bazobe beyobheka imisebenzi eyenziwa eNquthu umbiko ogcwele uzofakwa kusasa kulenkundla.

# Owesifazane waseMzinyathi uvuna izithelo zempumelelo kwezolimo





Ubengakaze acabange nangelilodwa nje ilanga ukuthi ukusebenza enkampanini yezokwakha kungatshali uthando lezolimo owesifazane osemncane waseMzinyathi osengusomabhizinisi ovelele kwezolimo. UNkz Aphiwe Mtshali (34) waseNgubevu, eGreytown ongumnikazi weHlelakahle Farming, utshale udeda ngendlale wama-simu onamahektha awu-10 watshala ika-bishi,isipinashi, green pepper nopelepele okumanje umkhiqizo wakho usewufakela izitolo ezinkulu okubalwa Boxer, Aheers noSpar. Kumanje uNkz Mtshali useqashe abantu abane ngokugcwele kube ngabangu-20 abaqasha ngesikhathi sokutshali nokuvuna. Echaza uNkz Mtshali uthi leli bhizinisi uliqale engenalo ulwazi lwezolimo kwadingeka ukuthi abuze kwasebengaphambi kwakhe ukuthi kwenziwa kanjani. Ube usecela uyise uku-ba amsiza amthengele izithombo eziwu-4000 watshala. Uthi ngemuva kwalokhu akaphindanga wabheka emuva. UNkz Mtshali utshala kakhulu ugreen pepper njengoba athi yiwo omnikeza isivuno esihle sama-tonnes amabili kuya kwamathathu ngenyanga.Uthi yize kunjalo izitshalo zakhe uyazishintshashintsha ukugwema izinambuzane. Ibhizinisi likaNkz Mtshali njengamanye amabhizinisi libe nazo izingqinambi. Uthi ingqinambi enkulu ake abhekana nayo ngeyokuholela izisebenzi zakhe.“ Izisebenzi uma kuphela inyanga zisuke zifuna ukuthola imihlomulo yazo okungakhathaleki ukuthi ibhizinisi lenza kahle noma lidonsa kanzima. Ngibonga uNkulunkulu ngoxhaso lukaR3.2 engiluthole kwa Agri Business Development Agency. Lolu xhaso lwenze kwalula ukuholela izisebenzi ngaphinda ngathenga nezinsiza kusebenza okubalwa ogandaganda, borehole, nemipheme esamatende engitshala kuyo ugreen pepper,” esho.Ibhizinisi likaNkz Mtshali likhombisa okukhulu ukudlondlobala. Uthi impumelelo yalo uyizuze ngokusebenza kanzima nokuphokophela phambili. UNkz Mtshali ugqugquzela abantu abasha abafuna ukungena emabhizinisini ezolimo ukuba babekezele.“Ebhizinisi lezolimo kudingeka umuntu obekezelayo ngoba awakwazi ukuqala manje bese uthola inzuzo ngakusasa kodwa kuba ibanga elide ngaphambi kokuba ubona inzuzo lokhu okudinga ukusebenza kanzima futhi ube nothando lomsebenzi,” kubeka uNkz Mtshali.

UMeya wesiFunda uMzinyathi uMhlonishwa Ald PMS Ngubane uthi ukundlobalala kwebhizinisi likaNkz Mtshali kukhombisa ngokusobala ukuthi umuntu omusha akukho lapho enganqindeka khona uma ezimisela . “Sizohlala phansi nophiko lwethu olukekelela amabhizinisi sibone ukuthi singamsiza kanjani njengoba ezimisele ngokungena nasekufuyeni izimbuzi. Abantu abasha sesiyisonga inyanga yabo mabafunde ukuzakha nokuzenzele bangalindeli ukuhlale bekhangenza njalo bafunde kuNkz Mtshali nakwabanye osomabhizinisi ababeka uMzinyathi ebalazweni,” kusho uMhlonishwa Meya.



# Umzinyathi Development Agency equipped the youth with Solar energy training





Umzinyathi District Municipality Development Agency in partnership with Moses Kotane Research Institute and Mantec Foundation have equipped 100 young  people of uMzinyathi with renewable solar energy training.
During the training the youth had an opportunity to learn more about solar energy technologies, sustainability pratices, renewable energy solutions as well as practical installation experience.
UMzinyathi Development Agency CEO S Ntombela said when they heard of this splendid opportunity they decided to grab it with both hands as we all know the energy crisis we are currently facing.
“The training has helped the youth to turn the energy crisis into a new economy for the district whilst creating much needed job opportunities.The trained youth will now be helped by the agency to open-up their solar  businesses. They will be also closely monitored by senior technicians for a certain period untill  their businesses are able to stand on their own.
“ We wish all our trainees  the best of lucky as they are transitioning from being employment seekers to be employers,” he said.
Ntombela said there are high hopes that this solar enterprise concept will be successful and repricate. “We really hope it does not end with this first batch as we encouraged the youth to take part in these initiatives designed to empower them,” he said.



# i-MPAC ihlola amaprojects asephelile.





Luqhubekile uhambo lwama khansela e- portfolio yakwa Technical services oluwumjikelezo wokubheka ukuthi ama projects ngabe ayaqhubeka ngendlela yini. Namahlanje kuhanjelwe endaweni yase Nquthu kwaThelaphi, Enhlopheni, kwaJama, kanye naseHlathi dam ukubheka ukuthi umsebenzi kanye nezinqinamba zinjani.

Umsebenzi uqhubeka kahle ezindaweni eziningi noma kunezinqinamba zokuthi kwamanye ama projects abantu bazixhumela amanzi ngoku ngemthetho nokwenza ukuthi indlela yokuhamba kwamanzi aya emphakathini i phazamiseke. Oyinhloko yomnyango wakaTechnical uMnu T Buthelezi unxusa ukuthi umphakathi uyeke ukuzixhumela amanzi ngokunge mthetho ngoba kuyayiphazamisa nenqalasizinda nokwenza sibuyele emuva njalo. Utuse ukuthi ozibona yena enamandla okuthi ufuna amanzi ekhaya akasondele phela emahhovisi kamasipala azobhalisa afakelwe imitha ukuze naye ezokhokhela amanzi ngoba kuchaza ukuthi uyakhona ukuwakhokhela.

# Iphalamende lamadoda





**Libe yimpumelelo iphalamende lamadoda elibanjelwe eNquthu kwaKhiphinkunzi enkantolo yenkosi. Kuleli phalamende belihanjelwe amadoda ezodingida izinkinga abhekene nazo ekuphileni kwawo. Ezempilo bezikhona zizoluleka amadoda ngokuzinaka beqaphele izifo ikakhulukazi isifo somdlavuza wamankwahla.Imeya yesifunda saseMzinyathi igcizelele ukuthi izithangami ezifana nalezi ifisa zenzeke izikhathi zonke ayi kodwa ngezikhathi ezithile. Uthi lesithangami sakha indoda simise isizwe njengoba okuningi konakala ngawo amadoda.**

# Kuqashwe intsha kufakwa amanzi eMzinyathi





Kuvuleke amathuba emisebenzi kubantu abasha abangaphezulu kwa-50 njengoba kuqhutshwa umsebenzi wokufakwa kwepayipi elikhulukazi lamanzi elikhulukazi eMzinyathi elizosuka eVans Drift Water Treatment plant liyophelela edolobheni eNquthu. UMasipala woMzinyathi ushintshe leli payipi ngoba elikhona lensimbi alafakwa kudala ligugile lilusile, liqhuma njalo futhi selingadala umonakalo omkhulu kumuke nemizi yabantu uma lingase liqhume indawana nje enkudlwana.

Laba abasha abaqashiwe ngabantu ebesekuphele iminyaka bengasebenzi kodwa manje sebeyakwazi ukubeka isinkwa etafuleni bethuthukisa bamakhono abo.Imeya yesiFunda uMzinyathi u-Ald PMS Ngubane uthi okujabulisa kakhulu ngalomsebenzi owenziwa eNquthu ukuthi nenkampani enikwe umsebenzi iqashe unjiniyela wendawo ukuba abheke lomsebenzi omkhulu kangaka uMnu Siyanda Ndlovu oneminyaka ewu-27 ubudala waseJabuvu , eNquthu ozuze iziqu zobunjiniyela eDurban University Technology.

“Lo nsizwa esencane yalapha kithi eMzinyathi iqashwa la kade isebenzela eHendrina, eMpumalanga yazophatha abantu abawu-21 imenenje nomsebenzi.

“ Indlela ewenza ngayo umsebenzi nephethe ngayo abasebenzi iyamangaza. Ngeke ngimangale uma esenenkampani yakhe eminyakeni engemingaki ezayo. Abantu abasha bamasukume bazithintithe balime, bangene kulemisebenzi esiyikhiphayo koEPWP njengoba kule misebenzi sinikeza abantu abasha amakhono, kwakhiwa amakhabethe, kwenziwa nemisebenzi yezandla enhlobonhlobo nokunye okuningi, “ kusho iMeya.







# Imeya ibe nendlakusihlwa nabantwana bakazime.





Imeya yesifunda saseMzinyathi u Ald PMS Ngubane ihambisana nosekela wayo uKhansela TH Mchunu babe nendlakusihlwa nabantwaba abavela eMzinyathi abazomela iningizimi Africa ku Mr and Miss Teen Super Globe ezweni lase Thailand. Labantwana bahlungwe kusuka esigabeni sase khaya(Local) base bedlulela esigabeni sikazwelonke nokuyilapho bakhethwe baba yi - 9 sebebonke kwathi aba- 4 kwabakhethiwe basuka lana eMzinyathi ngaphansi kwamasipala waseMvoti. Ongu National Director ka Mr and Miss Teen Super Globe uMs Zandile Mkhize uthi kuyintokozo ukwesekwa kwabantwana ngoba loluhlelo lwenza abantwana bethibeke ezintweni eziningi esezibhedukile ezweni nezidukisa intsha. UMeya ukhuthuze labo zime ukuthi baqinise njalo kulomkhakha zebefike ko Miss South Africa bedlulele nako Miss world ngelinye ilanga. Ukhuthaza amaciko kanye nabenza ezemidlalo ukuthi bazimisele kukho konke abakwenzayo ngoba ikusasa kalaziwq akubona bonke abayophumelela ngephepha.





Princess Magogo Building, Dundee, KwaZulu Natal I P.O Box 1965, 3000 I E-mail:rc3@umzinyathi.gov.za I Tel: 034 219 1500 I Fax; 034 218 1940





**Umzinyathi District Municipality closed a women month with a full council meeting held at Council Chamber today. The matters on the table were annually reports , quarterly reports  and monthly reports.The council also stressed the importance of economic inclusion and  empowerment  of women to reduce poverty, inequality and unemployment in our district.**









**Umasipala wesifunda sase Mzinyathi ngokubambisana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu Natal babambe isithangami sezinsuku ezimbili sokuzocija abafundi asebeqedile ukufunda amabanga aphakeme ezemfundo ngokulungela ukusebenza kanye nokuzisebenza. Lolu hlelo lukhethe abafundi aba-50 abaqhamuka komasipala abangaphansi kweSifunda saseMzinyathi.**





# Ijabulile intsha eqeqeshelwa ukukhenikha





Intsha yaseMzinyathi engaphansi kohlelo lwe-EPWP inyelwe inyoni esandleni ithola ithuba lokuba iqeqeshwe njengomakhenikha unyaka wonke esingavula ngisho amabhizinisi ayo okukhanda izimoto ngemuva kwaloluqeqesho njengoba bezothola namaphepha okwenza lomsebenzi.

Lentsha ethi iqale lolu qeqesho ingazi lutho ngokukhanda imoto kumanje isikwazi ukushintsha amabhuleki, servicer, ukushintsha odiff , no-radiator bezimoto nokunye okuningi.

UMnu Zipho Mthembu uthi babonga uMasipala uMzinyathi ngokubanika uqeqesho olusezingeni eliphezulu.

"Othisha abasifundisayo banesineke , yize kusetshenzwa kanzima nomsebenzi umningi ngoba kumele okusencwadini ubuye ukwenza bukhona e-workshop kodwa sijabulile ngokuthola ithuba elifana naleli," esho.

Leli qoqo labafundi abathola loluqeqesho lomakhenikha kusengelokuqala .

Umeya wesiFunda uMzinyathi uMhlonishwa Ald PMS Ngubane uthi akangabazi ukuthi luzoba yimpumelelo ngoba kasiqali ukuqeqesha abantu kwa-EPWP.

"Kukhona esibafundise Security benza wonke ama-Grade babhaliswa ngisho noPsira. Abanye bafundiswa izincwadi zokushayela njengoba kulo nyaka siqewesha omakhenikha," kusho uMhlonishwa uMeya.

# UMzinyathi female employees women's celebration was a resounding success





"Women stop normalising the sexual abuse and power abuse in the workplace. Abuse is riff at the workplace but you don't report it . No male colleagues has a right to touch your private body parts without your consent".

These were the words of Ms Hlophe ,a female phychologist who was the guest speaker at the Female Employees Women's month celebration that took place at uMzinyathi Council Chamber today.

Ms Hlophe encouraged women to take leadership space and empower each other.

" I'm very humbled by the fact that the this municipality is led by female Municipal Manager. There's no doubt that that the ship is steered in the right direction. I beg you to support her, " she said.

Dr Dladla from the Department of Health motivated female employees to take care of their health.

UMzinyathi Municipal Manager Ms Mkhwanazi also encouraged women to support one another and treat each others with kindness.

This successful event was organised by HR Department and made possible by sponsors Mas Finance and Letsatsi Finance.



# Zivivile ezoMzinyathi zithi siyaya eMhlangeni





Zivivile izintombi nto eziyizimbali zoMkhandlu wesiFunda uMzinyathi zithi azisakwazi ukulinda ukubeka umhlanga wazo kuNomthebe wesizwe esigodlweni seSilo, eNyokeni KwaNongoma.
Lezi mbali zoMzinyathi ebeziphume ngothi lwazo kubo babane oMasipala boMzinyathi okuwuMsinga, Mvoti, Nquthu, neNdumeni, zihlanganyele eVA Makhoba, eNquthu zasho ngazwi linye ukuthi  umthwalo usobhokweni siyaya eMhlangeni.
Lomcimbi ubuhanjelwe izihambeli ezahlukeni okubalwa amazinyane eSilo esabuzayo uMdlokombane ,  abantwane noNdlunkulu. UMntwana uMukeliwe, izinyane uNokthula, izinyane uNozenzo, Dokotela uBiyela, uNdlunkulu wakwaMazibuko, izinduna, usekela Mayor womkhandlu omkhulu uMzinyathi, usekela Mayor waseNquthu, usekela Mayor wase Msinga kanye namakhansela akhele isifunda soMzinyathi nabo bebekhona ukufaka umphako wendlela ezintombini.
Usekela-Meya woMzinyathi uNkk TH Mchunu ugqugquzele izimbali zethu ukuba ziqhubeka nokuzigcina kuze kufike isikhathi esifanele.
"Igugu elikini qhubekani nilivikele, ngokwenza njalo anizugcina ukujabulisa abazali benu kodwa siwuMzinyathi wonke siyaziqhenya ngani," esho.
Kulomcimbi kuklonyeliswe izintombi esezihlolwe imnyaka elishumi(10)eminyakeni engu21 ngakho baklonyeliswe ngezitifiketi zokuzigcina iskhathi eside kangaka, kwaphinde kwaklonyeliswa nonomehlo asebeneminyaka benza lomsebenzi.
Kube yinjabulo enkulu kubona noma ungelula lomsebenzi.





# Umhlonishwa Meya uziyele mathupha ukuyobheka uhlelo lwamanzi eNquthu





UMhlonishwa Meya wesiFunda uMzinyathi uhambele eNquthu namhlanje lapho ebeyobheka khona umsebenzi wokufakwa kwepayipi elikhulukazi elizosuka kwisiphehlimanzi iVansDrift liyofika edolobheni eNquthu. Leli payipi elikhona lidala liqhuma njalo osekungadala ingozi enkulu uma lihlala lingashintshwa.UMhlonishwa Meya uthe lomsebenzi wokufaka kwepayipi ususesigabeni sesibili njengoba isigaba sokuqala esidle R59 million sesiphelile.

“Sithokoze kakhulu ngalomsebenzi osuwenziwe lapha, okuzothi uma sewuqediwe iphele nya inkinga yamanzi eNquthu. Abantu bakulezi zindawo leli payipi elidlula kuzona Hlathi Dam , Mafihleni uze uyofika edolobheni leli payipi lizolokhu libaphakela amanzi ,” kusho Mhlonishwa uMeya.

UMhlonishwa Meya uveze ukuthi kunomunye umsebenzi omkhulukazi owenziwa uMzinyathi eMsinga wokufakwa kwamanzi iMthembu west project.

UMeya ngesikhathi eseNquthu ubephelezelwa amakhansela, izisebenzi zophiko lwakwa-technical kanye neproject steering committee.







# 2024 Prince Mangosuthu Ultra Marathon





**UMhlonishwa uMeya wesiFunda uMzinyathi Ald PMS Ngubane ubesesigodleni seSilo eNyokeni uyokweseka iSilo samabandla onke emkhosini womhlanga walo nyaka. Lo mkhosi womhlanga bekungokokuqala ukuba wenzeke emuva kokukhothama kwaNdunankulu weSilo uMtwana waKwaPhindangene.**

**UMeya uyale imbali zesizwe ukuba ziqhubeka nokuziphatha kahle ngoba yizo esezilithemba lesizwe.**







# Inyanga kaSeptember inyanga yamagugu nokungcebeleka.






UMzinyathi ungenye yezindawo abavakashi abangakuthokozela ukuvakasha kuzo ngenxa yomlando onothile futhi bathole nokuningi abangakufunda la kwelakithi eMzinyathi. Bheka nje

1. UMasipala wesifunda uMzinyathi oqanjwe ngomfula uMzinyathi ochithela oThukela bese ungena olwandle.
2. Impi yaseSandlwana eyenzeka eNquthu ngo-1879 uZulu enqoba amaNgisi kakumele ungayazi njengoba umuzi nomuzi unokhokho wayo okuleyantaba. Le ntaba yaseSandlwana siyibiza ngeNtaba engcwele yokukhululeka njengoba amadlinzwa okhokho bethu ekuyo.
3. IQhawe ubabuSolomon Linda wodumo lengomo ethi iMbube uzalwa khona la kithi ePomeroy, eMzinyathi.
4. INkosi Bhambatha kaManciza waseNgome, ongowalapha kithi eMzinyathi
5. Sine-Lilani Hot Spring eyaziwa ngokuthi iKaShushu eShane, eMvoti lapho kunamanzi ebilayo aqhamuka phansi komhlaba.
6. Phansi eNquthu khona eMzinyathi kunoNcome Museum enezindawo ezinhle zokulala nomlando omuhle ongawufunda uma uvakashela kulendawo.
7. Ubaba Sosobala Mbatha owaba ngumuntu wokuqala omnyama ukuba abe nendiza mshini uzalwa khona la kwelakithi eMzinyathi.
8. INdlu yeSonto i-Oscarsberg Evangelical Lutheran Mission eyakhiwa ngo1879 namanje isamile sikhonzela kuyo eMzinyathi.
9. IDundee July iwumjaho omkhulu ukulandela iDurban July iheha abavakashi abaningi lapha eMzinyathi kugcwale izindawo zokulala kuthuthuke nomnotho ngabe wenza iphutha uma ungakaze ube yingxenye yayo.
10. Umzinyathi uyikhaya leBoxing njengoba umphetha wama-Common Wealth Games ngo 2022 uNks Phiwokuhle Mnguni ungowalapha kithi eMzinyathi.
11. Inqwele emculweni kaMasikandi iNdidane, NeBhova neChalaha ngabalapha eMzinyathi Imeya yesiFunda uMzinyathi Ald PMS Ngubane uthi uma ufuna ukuchitha isithukuthezi uMzinyathi indawo ongaya kuyo.Abantu bayobe bekhohlwe lukhulu uma bezitshela ukuthi izindawo zasemadolobheni kuphela ongavakashela kuzo. Ubumnandi busezindaweni zasemakhaya futhi ke uMzinyathi kawugcina ngokuba nobumnandi futhi ufundisa ngomlando.

“Abantu abathi Short -left eMzinyathi bezwe ubumnandi”

#MzinyathiTourism

#ThuthukaMzinyathi



## ARE YOU UP TO DATE WITH YOUR WATER ACCOUNT?

## TAKE ADVANTAGE OF OUR INCENTIVE

### BUSINESSES

- PAY ALL THE CAPITAL AMOUNT IN FULL AND RECEIVE FULL INTEREST REVERSAL ON OUTSTANDING DEBT.

### INDIVIDUAL NORMAL HOUSEHOLDS

- DEBT RELEIF UP TO 50% ON YOUR OUTSTANDING DEBT INCLUDING INTEREST REVERSAL
- INDIGENT SUPPORT TO RECEIVE 6KL FREE ON YOUR MONTHLY BILLING
- FULL INTEREST REVERSAL ON FULL SETTLEMENT

### DECEASED HOUSEHOLDS

IS THE ACCOUNT HOLDER DECEASED, AND YOU WOULD LIKE TO TAKE OVER THE MONTHLY BILLS? COME AND SPEAK TO US, YOU CAN START ON A CLEAN SLATE!

# LOCAL MUNICIPALITIES UNDER UMZINYATHI DISTRICT MUNICIPALITY

**MSINGA MUNICIPALITY**
CONTACT DETAILS
PRIVATE BAG X 530, TUGELA FERRY, 3010
MAIN ROAD, TUGELA FERRY
TEL:033 493 0761
FAX: 033 493 0766
WEB: www.msinga.gov.za

**NQUTHU MUNICIPALITY**
CONTACT DETAILS:
PRIVATE BAG X 5521, NQUTHU, 3135
83 MDLALOSE STREET, NQUTHU
TEL: 034 271 6100
FAX: 034 271 611
WEB: www.nquthu.gov.za

**UMVOTI MUNICIPALITY**
CONTACT DETAILS:
PRIVATE BAG X 71, GREYTOWN, 3250
41 BELL STREET, GREYTOWN
TEL: 033 413 9100
FAX: 033 417 1393
WEB: www.umvoti.gov.za

**ENDUMENI MUNICIPALITY**
CONTACT DETAILS:
PRIVATE BAG X 2024, DUNDEE, 3000
64 VICTORIA STREET, DUNDEE
TEL: 034 212 2121
FAX: 034 212 3856
WEB: www.nquthu.gov.za





# How to avoid job scams

## Genuine communication related to recruitment by Umzinyathi District Municipality will never require the job seeker to make payments at any point in the recruitment process.

We have become aware of a number of job scams in which fraudsters try to extract personal information and money from people looking for jobs with Umzinyathi District Municipality. We've put together this four-step guide to help you identify fake job postings and correspondence and help us all to beat these recruitment frauds.

### How to spot a fraudulent job posting, email or other recruitment-related communication:

**Someone asks for money.**
At Umzinyathi District Municipality we will never ask for money from you – in any circumstances. If someone is asking you to send them money, it's definitely fraud.

**You receive an email from a non-Glencore address.**
We always use official Umzinyathi District Municipality email addresses, such as firstname.lastname@umzinyathi.gov.za, or firstname.lastname@umzinyathi.hov.za

**Someone asks for bank details before we've made an official job offer.**
We never ask for your bank details until we've made an official offer, and we will always ask for your details using an official communication channel.

**You receive a job offer for a role you've not applied for.**
Before you can receive a job offer, you will always have applied for the job first, and will have been through our selection process, including a face-to-face interview. If this hasn't yet happened, t hen it's not an official job and you should not take it any further.